

# NGINGASICELA KANJANI ISIMO SOKUTHOBELA INTELA

Ungasicela iSimo sokuThobela iNtela (TCS) ngoba unenhloso ethile (isib. ithenda):

- Nge-inthanethi ngokusebenzisa [i-eFiling](#); noma
- ngokuvakashela [igatsha lakwa-SARS](#).

Ngingasicela kanjani iSimo sokuThobela iNtela ngokusebenzisa i-eFiling

Uma usuyibonile i-“My Compliance Profile”, ungafaka isicelo seSimo sokuThobela iNtela ngokwenza lokhu:

- Ukukhetha i-Tax Compliance Status Request kongakhetha kukho bese ubhala uhlobo lwe-TCS ofisa ukulufakela isicelo. Uzothola lokhu okulandelayo ngakhetha kukho:
  - Ubumsulwa
  - Ithenda
  - Foreign Investment Allowance (Utshalomali lwamazwe oluvumelekile) [FIA](#) (umuntu siqu kuphela)
  - Ukufuduka (umuntu siqu kuphela)
- Gcwalisa iSicelo seSimo sokuThobela iNtela bese usithumela kwa-SARS.

**Isungqangi:** Bheka ku-[FIA nokuFuduka](#) ukuze ubone okuthe thuthu ngamadokhumenti esekelayo adingekayo.

Abakhokhintela asebefudukile vele nabafuna ukudlulisela izimpahla okwaziwa nge-'Emigrant's Remaining Assets' (okwakwaziwa nge-Blocked Funds) kumele bacele i-TCS ye-FIA besebenzise [i-eFiling](#) noma baye [egatsheni lakwa-SARS](#). Uma ufaka isicelo se-TCS ngokwe-FIA, kumele ubeke umthombo wengqalabhiznisi ozotshalwa i-'Source of capital to be invested' kube yi-'Emigrant's Remaining Assets'. Ngolwazi olwengeziwe, bheka inqubo yokudlulisela izimpahla [i-process for transferring Emigrant's Remaining Assets \(Blocked Funds\)](#).

Uma isicelo sakho sesiphasisiwe abakwa-SARS, uzonikwa isimo sokuthobela intela esiphelele kanye ne-PIN. Ungacela ukuthi i-PIN ithunyelwe kuwe nge-SMS bese ukwazi

ukubona i-“Tax Compliance Status Request” kuphrofayili yakho ye-eFiling. I-PIN ungakwazi ukuyiphrinta ibe yincwadi yomphumela we-TCS.

**Isungqangi: Uzonikwa i-PIN ehlukile njalo uma wenza isicelo.**

### **Ukucela iSimo sokuThobela iNtela egatsheni lakwa-SARS**

Uma ufake isicelo seSimo sokuThobela iNtela [egatsheni lakwa-SARS](#) bese siyemukelwa, iSimo sokuThobela iNtela sakho sizoba ne-PIN ezothunyelwa kuwe nge-SMS kule nombolo yeselula ebhalisiwe abakwa-SARS abanayo kumalekhodi akho noma bazoyithumela nge-imeyili.

### **I-PIN yeSimo sokuThobela iNtela**

I-PIN ikunika indlela yokugunyaza namuphi umuntu wesithathu ukuba abone isimo sakho sokuthobela intela ku-inthanethi ngokusebenzisa i-eFiling.

Uma usunike umuntu wesithathu i-PIN, i-PIN izonika inhlango efanekile noma umnyango kahulumeni ithuba lokubona isimo sakho sokuthobela intela ku-inthanethi. Izobanika sonke isimo sakho sokuthobela intela ngosuku nesikhathi ababheka ngaso esikhundleni sokuthi babone ukuthi isimo sasithini ngosuku owanikwa ngalo i-PIN. Ukuze sivikele ubumfihlo bolwazi lomkhokhintela, alukho olunye ulwazi abazokwazi ukuluthola.

### **Ngabe udinga usizo?**

Ukuze uthole eminye imininingwane sicela ubheke [“IsiQondiso soSizo lweSimo sokuThobela iNtela ku-eFiling”](#).

Noma ushayele i-SARS Contact Centre kule nombolo 0800 00 SARS (7277) noma uvakashele [iqatsha lakwa-SARS](#) eliseduze nawe.